

# Kunxuswa abakhokhintela ukuba bangashiywa umnqamulajuqu wesikhathi sokubuyisa amaphepha entela

**Tshwane, 9 kuLwezi 2021** – UPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) lufisa ukukhumbuza abakhokhintela abavulelekile ukuba bathumele amaphepha abo entela yemalingeniso mhla noma ngaphambi komhla zingama-23 kuLwezi 2021.

Kuzofakwa izinhlawulo kubakhokhintela abahluleke ukuthumela amaphepha abo entela yemalingeniso lungakadluli usuku olungumqamulajuqu.

Abakhokhintela kumeme baqaphele ukuthi ngokwezinguquku ezenziwe kumthethonqubo, uSARS uzobiza izinhlawulo ukusukela mhla lu-1 kuZibandlela 2021 lapho kukhona amaphepha okubuyisa intel aasilele okungaba awonyaka owodwa noma ngaphezulu.

Ngaphambi kwezinguquku ezenziwe kumthethonqubo, uSARS ubungabiza izinhlawulo kuphela uma amaphepha okubuyisa intel aasilele kungaweminyaka emibili noma ngaphezulu. Lo mthetho omdala uzoqhubeka usebenze omunye unyaka emaphepeni entela angowezi-2020 naweminyaka engaphambili kwalokho.

Abakhokhintela abathole amaphepha entela esehloliwe kumele balungise noma bemukele ukuhlolwa kwabo ungakadluli umhla zingama-23 kuLwezi. Uma bengakwenzi lokho, bazothola ukulinganiselwa kokuhlolwa abangeke bakwazi ukufaka isicelo sesiphikiso kukho noma badlulisele phambili lolo daba.

Kodwa-ke, umkhokhintela ongavumelani nokulinganiselwa kokuhlolwa okukhishwe emva komhla zingama-23 kuLwezi, angakwazi ukuthumela amaphepha entela agcwaliswe ngokuphelele futhi ngemininingwane eyiyo ezinsukwini zokusebenza ezingama-40 kusukela ngosuku lokulinganiselwa kokuhlolwa.

Lawo maphepha entela azobe esedlulelw yisikhathi, okusho ukuthi kuzosebenza izinhlawulo eziijwayelekile kanjalo nenzalo ngokuthumela amaphepha okubuyisa intel emva kwesikhathi (lapho zisebenza khona).

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe ukuthunyelwa kwamaphepha entela kuyisibopho ngokomthetho kulabo bakhokhintela okumele bathumele amaphepha abo entela futhi babe negalelo emkhube ni wokubuyisa amaphepha entela ngokuzithandela.

“Kodwa ngale kwesidingo ngokomthetho sokubuyisa amaphepha entela, abakhokhintela abenza lokhu okufanele banika uhulumeni ithuba lokwazi ukuhlangabezana nezidindo eziyisisekelo zabahlwempu nabasengozini ngokubahlinzekela ngezibonelelo zikahulumeni kanjalo nokunakekeleka kwezempi, phakathi kokunye.”

UKhomishana wengeze ngokuthi, “uSARS usunemigudu eminingi yedijithali elungisiwe etholakalayo 24/7. Lokhu kuzohlinzeka ngengcaciso futhi kwenze kube lula kubakhokhintela ukuba bahlangabezane nosuku olungumqamulajuqu lomhla zingama-23 kuLwezi ngaphandle kokuhlangabezana nobunzima. Eminye yale migudu ibandakanya lena, i-SARS

eFiling, i-SARS MobiApp nosizo lokuthumela umyalezo omfishane i-SMS. Eminye imininingwane iyatholakala kusizindalwazi sakwaSARS”.

Abakhokhintela besikhashana bona kuyoze kuvalwe mhla zingama-31 kuMasingana 2022 ukufeza izibophezelo zabo zokubuyisa amaphepha entela.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)